



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2018

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-34.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqokethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|-------------|-------------------------|------|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO
IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.
INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI
Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPHU C: UMDLALO
Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

- Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli/yobuciko bomlomo kanye neyomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO.

- Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Imibuzo emide enovelini/yobuciko bomlomo kanye nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphenndule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

| ISIQEPHU A: IZINKONDLO | | | |
|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|------------------|----------------|-------------------------|
| Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI. | | | |
| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
| 1. 'Ugqozi' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'KwaNdongaziyaduma' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| 3. 'Ngizw' Uthando' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |
| 4. 'Nkosi Sikelel' i-Afrika' | Umbuzo omfushane | 10 | 11 |
| KANYE | | | |
| Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo. | | | |
| 5. 'Ngiyazithoba' | Umbuzo omfushane | 10 | 13 |
| QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C. | | | |
| ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO | | | |
| INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe. | | | |
| 6. <i>Bengithi Lizokuna</i> | Umbuzo omude | 25 | 14 |
| 7. <i>Bengithi Lizokuna</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 14 |
| 8. <i>Usumenyezwe-ke Umcebo</i> | Umbuzo omude | 25 | 16 |
| 9. <i>Usumenyezwe-ke Umcebo</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 16 |
| 10. <i>Kunjalo-ke</i> | Umbuzo omude | 25 | 18 |
| 11. <i>Kunjalo-ke</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 18 |
| 12. <i>Impi Yabomdabu Isethunjini</i> | Umbuzo omude | 25 | 20 |
| 13. <i>Impi Yabomdabu Isethunjini</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 20 |
| NOMA | | | |
| UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe. | | | |
| 14. <i>Uju Lwezizukulwane</i> | Umbuzo omude | 25 | 22 |
| 15. <i>Uju Lwezizukulwane</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 23 |
| ISIQEPHU C: UMDLALO | | | |
| Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe. | | | |
| 16. <i>Kudela Owaziyo</i> | Umbuzo omude | 25 | 27 |
| 17. <i>Kudela Owaziyo</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 27 |
| 18. <i>Auwelwa UMngeni</i> | Umbuzo omude | 25 | 29 |
| 19. <i>Auwelwa UMngeni</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 29 |
| 20. <i>Ubhuku Lwamanqe</i> | Umbuzo omude | 25 | 32 |
| 21. <i>Ubhuku Lwamanqe</i> | Umbuzo omfushane | 25 | 32 |

QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-------------------|----------------------------|-------|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–13 | 1 | |
| B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–15 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |
| <p>QAPHELA: ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.</p> <p>ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.</p> | | | |

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**IZINKONDLO EZIMISELWE**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

UGQOZI – BW Vilakazi

- 1 Emasangweni akwaDukuza,
- 2 Emzin' omkhulu kaNdaba,
- 3 Ngem' othangweni ngakhuleka,
- 4 Ngakhuleka laze layoshona.
- 5 Kwaqhamuka insila yenkosi,

- 6 Yangiyal' ukuba ngilinde.
- 7 Kwangen' emakhalen' am' iphunga,
- 8 Kwakhany' engqondweni yam' efiphele.
- 9 Kwafika kim' uMkabayi emuhle,
- 10 Wangithatha phansi wangiphonsa phezulu.
- 11 Ngabon' umlind' masango evula,

- 12 Ngangena ngishwaben' ulimi,
- 13 Ngahlala ngaphakathi kwakho Dukuza.
- 14 Angikwazang' ukubonga
- 15 njengobabamkhulu,
- 16 Ukudabuka nezinhlungu angikuzwanga.
- 17 Ngenaba ngazicabanga ngiyinkosi;
- 18 Ngalala, ngaphupha ngeny' imini

- 19 Ngingaphandle kwamasango kaDukuza.
- 20 Ngamfun' uMkabayi ngangambona;
- 21 Ngawabuk' amasango ngawabona,
- 22 Ngawabon' evaliwe noDukuz' esefile.
- 23 Lwagcwal' umlom' ulimi lwami;
- 24 Ngathi ngiyakhuluma ngayisimungulu;
- 25 Kanti sengintshontsh' amandl' ezimbongi.

- 26 Namhla kangikwaz' ukuthula noma
- 27 Lapho ngilele ngikwesikaBhadakazi,
- 28 Ngivuswa nguMkabayi ethi kimi:
- 29 'Vuka wena kaMancinza!
- 30 Kawuzalelwanga ukulal' ubuthongo,
- 31 Vuk' ubong' indaba yemikhonto!
- 32 Nank' umthwal' engakwethwesa wona.'

Xoxa ngekhono le mbongi ekusebenziseni imifanekisomqondo ukugqamisa umoya wale nkondlo ethi, 'Ugqozi'.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe ukuthi iyini imifanekisomqondo.
- Makuchazwe ukuthi uyini umoya wenkondlo.
- Makuphendulwe kuxoxwe ngekhono lembongi ekusebenziseni izinhlobo zemifanekisomqondo ukugqamisa umoya wenkondlo.
- Makuvezwe uvo lwakho esiphethweni sempendulo.
(Impendulo mayihlelwe njenge-esityi hhayi ngokwamaphuzu.)

[10]

UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

KWANDONGAZIYADUMA – EJ Mhlanga

1 Zijiyile ezixoxwa namuhla,
2 Zinohlonze lezi engizizwayo,
3 Zizwakala samthomb' ugobhoza,
4 Yimuphi lowo mthomb' engiwuzwayo,
5 Othombulul' izingqotho ezinginqalile,
6 Uthombulul' amaketang' angiqalangile?
7 Mthombo wakwaNdongaziyaduma gobhoza.

8 Sewazisul' izinyembezi,
9 Ebezizikhunge ethala lesizwe,
10 Yeka lezo zinsizwa zamaqhawe,
11 Ezasal' emaqeleni kwaNgcedomhlophe,
12 Zingabonaze zaphunyuzwa,
13 Nalezo zicoc' ezomela phansi,
14 Zingabonaze zaganwa,
15 Zizam' ukubuyis' isizotha,
16 Sezigodlo zikaZulu,
17 Zinxanel' udumo nezibongo.

18 Ubuthe leyo mikhonto,
19 Wayiphons' ethala yagqwala,
20 Izintombi nezinsizwa zosapho,
21 Wazibuthela kwesakh' isigodlo,
22 Yonk' imiqondo wayihlohl' ikhwezi.
23 Waba yinkundl' egiyel' amaqhawe,
24 **Ezidla ubhedu lwakwaNgqondonkulu,**
25 Kunamuhla ziqholosh' isiqholoshakade,
26 Zikhulum' ulim' oludeph' ulwandle.

27 Namuhla siphezu kwamabilidi,
28 Izinganaw' ezikhoth' amayezi phezulu,
29 Sinanel' ilanga nobuhle balo,
30 Sinanel' inkanyezi nobuhle bazo,
31 Konke sikubuka ngeso lokukhanya,
32 Sibong' ukusichathazela kwelakho,
33 Usicakulel' usikisiki olufak' ugqozi,
34 Usihlomis' idlingozi lokulubalubel'
35 Ukuqoph' intaba yakwaNgcebonkulu,
36 Laph' usizo lomuntu lukhona.

| | |
|----|----------------------------------------|
| 37 | Noma sisalind' ukuvuleka, |
| 38 | Kwalezo zicabha zesigodlo, |
| 39 | Lapho zonk' izandla ziyogcwala, |
| 40 | Zigcwalis' izinqolobane zesizwe, |
| 41 | Lwaze lwamnandi ubisi, |
| 42 | Lwezinkomazi zakho, |
| 43 | Ezimabelemad' okwensengwakazi, |
| 44 | Yezibaya zasendulo, |
| 45 | Okungath' ungatshinga naleyo mikhonto, |
| 46 | Esagwel' igazi nehlule, |
| 47 | Ilanga liqhakaz' ukuqhakaza, |
| 48 | Sithakasel' ukuba munye, |
| 49 | Esigodlweni kwaNdongaziyaduma. |

- 2.1 Yisho ukuthi ngesinjani isigqi esitholakala ebinzeni loku-1 bese usekela impendulo yakho. (2)
- 2.2 Chaza kafushane okushiwo yimbongi emgqeni we-10 kuye kowe-17. (2)
- 2.3 Chaza ukuthi amagama abhalwe ngokugqamile emgqeni wama-24 alekelele kanjani ukugqamisa umoya waleli binza. (2)
- 2.4 Yini inhloso yimbongi ekusebenziseni ukuxhumana okusekuqaleni emgqeni wama-29 nowama-30? (2)
- 2.5 Phawula ngokushiwo imbongi emgqeni wama-41kuye kowama-44 ukugqamisa indikimba yale nkondlo. (2)
- [10]**

UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIZW' UTHANDO – JM Masikane

- 1 Ngizw' uthand' olujulileyo,
2 Lungisa kwezidephil' iziziba,
3 Lungisibekela ngenkung' ethe khuhle,
4 Ngimfom' izithukuthuk' ezipholileyo.
- 5 Ngizw' uthand' oluzonzobele,
6 Lungidoba lungiqhwebaqhweba,
7 Ngizibe nje ngingazibe lutho,
8 Ngithule nje ngingathule cwaka.
- 9 Ngizw' uthando oluntofontofo,
10 Lungintofoza lunginwayanwaya,
11 Ngizwe ngiswakama wonk' umzimba,
12 Ngijuluk' ungiyojuluka.
- 13 Ngizw' uthando lungiphenduphendula,
14 Ngibe ngiyathe ngiyalala ngingalali,
15 Ngibe ngiyathe ngiyazumeka ngingazumeki,
16 Ngiqwash' ungiyoqwasha.
- 17 Ngizw' uthando solokhu lungibelesele,
18 Lungiphendul' isiduphunga sansondo,
19 Lungiphaphathekisa lungiphuphuthekisa,
20 Ngizul' izinkalo nezinkangala.
- 21 Ngizw' uthando lungithi nsi fumbe,
22 Ngomthwal' engingenakuwuthwala;
23 Ngisho ngisebenza ungisind' ungisithibeze,
24 Imicabango yam' izul' unozulane.
- 25 Ngizw' uthand' olungumzwangedwa,
26 Lunginakile ludlala ngami,
27 Lungiphehl' enhliziyweni,
28 Ngingawuthi mbibi ngisho nowami nje.
- 29 Ngizw' uthand' olusanganisayo
30 Lungiphonsa la lungiphonse le,
31 Lungihlome phezulu lungihlome phansi,
32 Lungimise ngekhanda ngizululeke.

- 3.1 Gagula uhlobo lwesifengqo esitholakala emgqeni wesi-2 bese unika incazelo yaso ngokwenkondlo. (2)
- 3.2 Nikeza okufanayo ngokomqondo oqukethwe yibinza-lesi-4 nebinza lesi-8. (2)
- 3.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwefanangwaqa elisemgqeni wama-23 kulekelele kanjani ekubumbeni leli binza. (2)
- 3.4 Yini ehloswe ukugqanyiswa yimbongi ngokukhethwa kwamagama asemgqeni wama-25? (2)
- 3.5 Phawula ngekhono lembongi ekusebenziseni isenzukuthi ebinzeni lesi-2. (2)

[10]

UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

'NKOSI SIKELEL' I-AFRIKA' – CT Msimang

- 1 Bathwele bayasisitheka;
- 2 Ijoka nalo yingcindezi;
- 3 Ezimbukwini bayabisha;
- 4 Udondolo lwabo yithemba,
- 5 Ukholo lwabo luwubhoko,
- 6 'Nkosi sikelel' i-Afrika!
- 7 Inkulu inkolo nethemba,
- 8 Kukhulu nokukhamelela,
- 9 Amakhand' agobodisile
- 10 Okwezimv' ezibala linye,
- 11 Ezingemelane nelanga,
- 12 Ilanga elibuka konke!
- 13 Imilomo iyizigidi,
- 14 Iphimbo labo lona linye,
- 15 Izwi labo lingumqukuthu,
- 16 Abezinhlanga nezilimi
- 17 Bathandaza ngamoya munye:
- 18 'Nkosi sikelel' i-Afrika!
- 19 Isaho enhlonhlweni yezwe,
- 20 Senanelwa eziqongweni;
- 21 Senanelwa ezigodini;
- 22 Simumethwe nayimifula;
- 23 Sifukulwa nayimimoya;
- 24 Sifukulelwa kuy' indlebe.
- 25 Baphuhle phezu kwendumalo,
- 26 Nanxa ubusuku bubude;
- 27 Balindel' indonsa nekhwezi.
- 28 Nanxa ubusika bubude;
- 29 Balindel' uMfumfu noLwezi:
- 30 'Nkosi sikelel' i-Afrika!
- 31 Bayahlangana behlakazwa;
- 32 Bayehlukana behlangene;
- 33 Bayakluluzana bemunye;
- 34 Bayahlaselana bemunye;
- 35 Bamemeza ongabonwayo
- 36 Ongabenza babe yimbumba.
- 37 Zoba yisis' izinyembezi,
- 38 Zohwamukela emafini,
- 39 Zoshoqongana zibe yifu,
- 40 Ifu liyophenduk' umvimbi,
- 41 Kumile ithemba elisha,
- 42 Izwakale imithandazo:
- 43 'Nkosi sikelel' i-Afrika!

- 4.1 Gagula uhlobo lokuxhumana olutholakala ebinzeni lokuqala bese ubhala phansi imigqa enalokho kuxhumana. (2)
- 4.2 Nikeza okufanayo okuqukethwe umqondo otholakala emgqeni we-14 nowe – 15 bese usho ubudlelwane bawo. (2)
- 4.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwezimpawu zokuloba emigqeni eminingi yale nkondlo kunamphumela muni esigqini sayo. (2)
- 4.4 Ngabe ukusetshenziswa kwempindwa kunamsebenzi muni kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.5 Hlaziya okushiwo imbongi ebinzeni lokugcina? (2)
- [10]**

KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIYAZITHOBA – WM V Ngiba

- 1 Noma ngibukelwa phansi
 2 Yizizwe nezizwana,
 3 Nginyathelwa ukhakhayi
 4 Ngifis' okwentuthwane;
 5 Ngiyazithoba.
- 6 Noma ngihlal' efukwini,
 7 Kuhle kukaThekwane,
 8 Ngijuluke ezimuncu
 9 Ngizikhandla nsuku zonke;
 10 Ngiyazithoba.
- 11 Noma ngijuluk' iswayi
 12 Lize liyosithela,
 13 Isabel' indibilishi,
 14 Nay' eza ngokuphonswa;
 15 Ngiyazithoba.
- 16 Noma ngihogel' uthuli,
 17 Kuyo yonk' imigwaqo,
 18 Ngidafuza njengofudu,
 19 Konke akusho lutho;
 20 Ngiyazithoba.
- 21 Noma ngiguqa kaningi
 22 Lingakashon' ilanga
 23 Kungadingeki, ngikhonze
 24 Nengan' ebhibhidlayo;
 25 Ngiyazithoba.
- 26 Noma ngephucw' izwe lonke,
 27 Umhlaba wawokhokho,
 28 Ngilahlwe ezintabeni,
 29 La kungamili lutho;
 30 Ngiyazithoba.

[Icashunwe: *Imisebe Yelanga*, Wm V Ngiba]

- 5.1 Tomula isifengqo esinokuqhathanisa esitholakala ebinzeni lokuqala bese unikeza uhlobo lwaso. (2)
- 5.2 Chaza kafushane ithoni esetshenziswe imbongi ebinzeni lesi-4. (2)
- 5.3 Chaza ukuthi isimo sokukhuluma esiqukethwe umugqa wesi-8 silekelele kanjani ekuqondeni leli binza. (2)
- 5.4 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni impindwa kule nkondlo? (2)
- 5.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni izimpawu zokuloba ezitholakala ebinzeni lesi-6. (2)

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU A:****30**

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE**BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi: *Bengithi Lizokuna*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo sendaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwendaba.
- Ukuveza uvo lwakho ngesakhiwo sendaba.

(Impendulo mayihlelwe njenge-esezi hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE**BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

'Hawu Xolani, ushiye izingane zodwa nje?' ebuza ethukile.

'Yebo, *but* khululeka, *they are safe*. Bese ngehlulekile ukuzibamba. Enhliziyweni yami ngizitshela ukuthi uma ngikubone imizuzwana embalwa nje kuyobe kwanele.'

'Ngiyabonga bandla.'

'Ungabongi mina, bonga uMam'unengalo noMgenge laba obahambayo,' 5
eqhumisa uhleko, ebuka uMahlengi omuhle ngokwedlulele-ke namuhla, sekuthi akasukume amwole ezwe imfudumalo yesifuba sakhe.

Kubonakale ukuthi uMahlengi uyamangala nje ukuthi uXolani ukhuluma ngani.

'Obani labo Mam'unengalo noMgenge okhuluma ngabo?' ebuza ngokumangala.

'Yizinyanga zoduma zalapha eThekwini. *They specialise in love portions,*' kusho 10
uXolani ehleka. Kuthi akafe yinsini uMahlengi.

'Hawu, waze wangethuka. Ngoba ngenzeni nje bakithi ngize ngethukwe kangaka?'

'Uyazibuzisa, kanti ngilapha nje ngenziwa yini?'

'Wenziwa yini?' emamatheka emuthi laphalazi ngamehlo.

'Kuthiwa phela umuntu ohamba lezi zinyanga uba nomuthi onamandla owenza 15
abadlisiwe baphithane amakhanda, uma bengabazanyane bashiye kwazinganyana lezo abazigadile,' esho ehleka eyibukisisa le ntokazi esimsanganisile.

| | |
|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----|
| Bahlale-ke baxoxe kube mnandi kube njeya. Ngesikade abuke iwashi uXolani, ahlahle amehlo. | |
| 'Ngeke, sekufanele ngihambe. Phela ngiwumzanyana namuhla,' esho esukuma eqalaza ikepisi lakhe abelikhumule ngenkathi engena lapha efulethini. | 20 |
| 'Zingakanani zona lezi zingane ozigadile?' | |
| 'Omdala uneminyaka eyishumi bese elanywa oneyisikhombisa.' | |
| 'Kanti ngabantu abadala? Bese ngethukile. Badala labo bantu, sizobe sesihamba nabo ama- <i>bash</i> kungekudala.' | 25 |
| 'Hha, izingane zami ngeke zikwenze lokho,' esho enikina ikhanda ebipha. | |
| 'Uma zifuze uyise ngokuhamba ebusuku?' | |
| 'Uyise uphoqwa yisimo,' ethi ukuhwaqa. | |
| 'Uphoqwa yisimo?' embuza emamamtheka. Athi ukuthula kancane uXolani. Amgqolozele emehlweni uMahlengi. Ezwe lumjuqa futhi uvalo. | 30 |
| 'Ngiphoqwa yisimo Mahlengi. <i>I think I have fallen in love with you. In a very big way,</i> ' esho embamba ngesandla. | |
| 'Hawu Xolani!' ebabaza ekhophoza. | |
| Amgqolozele emehlweni uXolani. | |
| 'Ngiyazi ukuthi ubungalindele ukuzwa lokhu kuvela kimina. Ikakhulukazi ngoba sihlanganiswe ngumsebenzi nawe. Iqiniso ngokuthi nje kwenzeka okuthile kimina mhla ngiqala ukukubona. Ngicela ukucabange lokhu engikushilo, sizobuye sixoxe sibonisane ngokuthi sizokwenzenjani,' esho evula isicabha. | 35 |
| 'Mh, Xolani bakithi,' ebalisa uMahlengi, elandela uXolani ngamehlo. | |
| ' <i>Are you not going to hug me goodbye?</i> ' esho evula izingalo uXolani. | 40 |

- 7.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshane? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguXolani. (2)
- 7.2 Yini umsebenzi womlandi kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 7.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphakathi olwaba kumlingiswa onguXolani emuva kokuhlangana kwakhe okokuqala noMahlengi. (3)
- 7.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguNdumiso kanye nomlingiswa onguNontobeko. Nikeza izizathu zempendulo yakho. (3)
- 7.5 Iyini inhloso yombhali yokwethula indikimba yothando kule noveli? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguNdumiso noNkululeko. (3)
- 7.6 Qhathanisa indlela umlingiswa onguMandla noMahlengi ababuka ngayo izinto mayelana nothando okwagcina kwenze ubungani babo buphele. (3)
- 7.7 Ngabe amazwi akhulunywa nguXolani abhalwe ngokugqamile anabudlelwane buni ngokwesimo senhlalo? (2)
- 7.8 Ucabanga ukuthi wawungaba njani umphumela wothando empilweni kaNdumiso ukuba akayibambanga inkunzi kwaNgidi? (2)
- 7.9 Uyavumelana yini nokuthi izenzo zomlingiswa onguXolani zimveza njengomuntu onguthathekile? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.10 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula isiphetho sale noveli. (3)

[25]

UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi: *Usumenyezwe-Ke Umcebo*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo sendaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwendaba.
- Ukuveza uvo lwakho ngesakhiwo sendaba.

(Impendulo mayihlelwe njenge-esezi hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]**UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

| | |
|----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----|
| <p>'Thula-ke,' ethatha umshiza nemvubu. 'Sizoke sibone ukuthi uwuntombi zimkitaz' udebe yini, noma uwumvubu imenway' isinqe. Izincwasimende woSathane. Emhlabeni ayikho into eziyikhonze njengemali. Angazi ukuthi zithi angenzenjani ngalo Miliyemu ezimfunayo. Noma zifuna ngize ngibulale umuntu, ngiboshwe, bese zimthatha kahle sengisejele. Abantu ebengibabhekile, oSkiti neNkanyamba yasoNdini, yibona ababengakangikhathazi. Ngimelwe yizitha engingabonaze ngizicabange. Ethukuthele ecinene akabange esayibona nentatheli nomthwebuli abangasheshanga ukuphindela emsebenzini ngokucacelwa ukuthi umsebenzi wawusemkhulu ngapha kwaDicey. Esachaza uMirriam ukuthi kwakungani engasazimisele ukuxoxa namuntu omunye wesilisa ngale kwesoka, wathleka okaMvundlana kwancane indawo. Wawuhlakaza ngokuphazima kweso umhlangano. Umthwebuli wephaphandaba wabeba ngesithombe abasemsakazweni bephuma nyova bephakamise imishini.</p> | 5 |
| <p>Ntambama wafika uDicey nephephandaba lesiNgisi lasekuseni. Lalinezithombe ezimbili zoMirriam noGenyeza, ngaphansi kwesihloko esithi 'Ezicongweni nasemaphozini obuqebi'. Kwakusobala ukuthi ezicongweni kwakungesikhathi uMirriam amukela isheke. Emaphozini kwakuyilapho esezama ukutatamisa uGenyeza eseduze kohobo ababecinga ukudla emgqonyeni wezibi. UGenyeza wakhonjiswa izithombe, waba nothuthuva ethi akakhonjiswe intatheli emthwebulile azoyititinya. Wamhleka usulu uDicey.</p> | 10 |
| <p>Kwahlwa uNtshangase eziqethukele embhedeni kwaCampbell. Umzimba wawufutha, kuqaqamba inyama nomphfumulo. Esebalisile ngenhliziyo, efunga egomela, esonga, waphola. Esabhocobele, ukhona owangqongqoza emnyango. Wacasuka ecabanga ukuthi kwase kuwuHlulintombi futhi esezombikela ngolunye utaku. 'Ubani lowo?'</p> | 15 |
| <p>Izwi lowayewiliza laphendula lathi, 'Yimina uKhekhe mfowethu.'</p> | 20 |
| <p>Wasukuma uGenyeza wavula. Yangena le ntondolo yensizwa izibongela ithi,</p> | 25 |

| | |
|-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------|
| 'Wangena ntombi ziyakunambitha ingabe zakuzwani! Wangena mfo kaMvelase, khekhe elabhakwa eBathenjini kanti umama akazi ukuthi ulibhakela uJabu noJabulile.' Lolu fahlayiya lwenziswa olwalugodle isiginci lwaluhambisana noswahla lwendoda yebhunu eyayinqwaze ngeduku ekhanda, ifake iziqhaza, ezinyaweni ishaya ngezimbada ezinamabhande amhlophe. Insizwa lena eyisifundiswakazi yayiwuJohan Wessels owayeyimeneja efemini endawondawo eThekwini. Wayegqoka kanje nje ngoba ezifihla kwabanye abelungu ababemthatha ngokuthi wayebhlisa ngokusina nezinsizwa eyimeneja nokusho. | 30 |
| 'Khekhe, ungilethele uFezela omkhulu,' Kusho uGenyeza embuka ngokumthakasela. 'Fezela omkhulu ongenasihlungu nasihluku. Fezela ongenasibiba nabuthi!' Uwena ongaziyo nsizwa. Uphi umqombothi sidlale ingoma siphuza?' Wayesho nje uJohan wayezifikela emqombothini, eshushumbiselwa ukhamba lobemisebenzi yeThongo obugayelwa ehlathini laseThusini ngoba abaqashi bengazivumeli izisebenzi ukuba zibuphisele emagcekeni azo. | 35 40 |

- 9.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshane? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguGenyeza. (2)
- 9.2 Yini umsebenzi womlandi kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 9.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphakathi olwaba kuMaNdelu emuva komhlangano womndeni wokuwina *ijackpot* kukaNomvula. (3)
- 9.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguMaHadebe kanye nomlingiswa onguChule. Nikeza izizathu zempendulo yakho. (3)
- 9.5 Iyini inhloso yombhali yokwethula indikimba yomcebo? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMaHadebe noChule. (3)
- 9.6 Qhathanisa indlela uMaSkhakhane noMaHadebe ababuka ngayo izinto mayelana nobuntu. (3)
- 9.7 Ngabe la mazwi abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana anabudlelwane buni nesimo senhlalo? (2)
- 9.8 Ucabanga ukuthi yayingaba njani impilo kaGenyeza ukuba akazange aphumelele emculweni wakhe? (2)
- 9.9 Uyavumelana yini nokuthi izenzo zomlingiswa onguMeyili zimveza njengomlingiswa oyindilinga kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.10 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula isiphetho sale noveli. (3)

[25]

UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE**KUNJALO-KE – ME Wanda**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi: *Kunjalo-ke*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo sendaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwendaba.
- Ukuveza uvo lwakho ngesakhiwo sendaba.

(Impendulo mayihlelwe njenge-esityi hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]**UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE****KUNJALO-KE – MJ Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA C

'Ayidle izibekela Nozulu!' Sekushweleza uSithole.

'Idle izibekela ini,inja? Aphinde ashweleze futhi uSithole.

'Isenzo sakho simbi kabi wena! Ungcole kabi! Awuhlukene nokuthi ugange nengane yakho! Angikaze mina ngiyibone into enjena!'

'Nozulu ngiyashweleza ezinyanyeni zonke zakwaKheswa. Ngizimisele ukukhipha 5 konke enginakho ngishweleze ngakho kwabalele.'

Kuthi cosololo kumnumzane uKheswa. Wabheka ngakumkakhe, wathatha wathi:

'MaNdovela, udinga ukuhlawuliswa lo muntu. Udinga inhlawulo. Akuyona eyami le ngane adlale ngayo, ngekababa.'

'Yiqiniso yise kaDumazile. Kufanele umntwana ahlawulwe nje.' Umnumzane 10 uKheswa wabheka ngakuyena uSithole, wathatha wathi:

'Ngizofuna izinkulungwane ezinti zamalandi.' Esho emisa iminwe emithathu. USithole adonse isikhwanyana sakhe ekhukhwini elisenqulwini, akhiphe amaphuphu ezikhova wodwa, athi:

'Ngicela into yokubeka.'

15

'Thatha ithileyi MaNdovela.' Nempela asukume alithathe, alibeke phansi phambi kukaSithole. Aqale-ke ukuyibhacaza imali uSithole. Kwathi ingaphelela isibalo lesi, uKheswa wayithatha ngethileyi wayibeka emsamo, wabuya wahlala phansi.

'MaNdovela, angazi noma iyabongwa yini into enjena?' esho ebheke phansi ebambelele ngezandla ebunzini. UMaNdovela wathatha wathi: 20

'Siyabonga-ke bandla' esho ebheke kuSithole.

Wabonakala uSithole esencibilika, kwazise phela amaphuphu ayesephezulu.

UDumazile waxoxa nonina.

'Uphi uLerato ma?'

'Awu uLilatho uselele. Sewuyombona ekuseni.' Kwale kuDumazile, afune 25 ukuyombona ngaso lesi sikhathi umntwana wakhe. Wathatha usana lwakhe walugonisa uyise walo, baphuma benonina sebeya endlini lapho kulele khona uLerato.

'Hawu, usekhule kangaka umntanami bantu!'

'We mame ...! Uklekhule kangaka umntanako, angithi ubungasabuyi ukuzombona ekhula!' Ahleke uDumazile uma ezwa unina ekhuluma kanjena. 30
Wanyakazisa indodakazi yakhe, yaphaphama.

'Muntuza, uyabona uma?' Acikice amehlo uLerato bese elala futhi. Kubonakale nje ukuthi umntwana uphazanyiswe esesebuthongweni bakhe obumnandi kabi. Bamyeka, bammbathisa ingubo. Baphuma behamba bezixoxela nje.

'Kodwa mama, ubaba ubengeke esalinda kuze kuse bese kuyima ekhokhisa 35
uSithole le mali?'

'Wukuthi uyihlo ubedinwe kabi! Umqondo wakhe uye uphambane uma kukhona okumcasulile. Ngimkhuze esethi uthatha umkhonto ukuyobhokoda uSithole.'

'Hhayi bo ma! Kanti besekunjalo?'

'Nyaniso! Awumazi wena uyihlo ukuthi unjani uma esethukuthele! 40
Isenzo sakho kodwa mtanami sibe sibi kabi!

'Indoda endala kangaka pho?'

UDumazile waqala esinye isihloko sendaba.

- 11.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshane? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguKheswa. (2)
- 11.2 Yini umsebenzi womlandi kulesi siqeshana? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 11.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphakathi lukaDumazile ngenkathi uDumazile esafunda eMbumbulu. (3)
- 11.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguMisi Hlophe kanye nomlingiswa onguMaNzimande. Nikeza izizathu zempendulo yakho. (3)
- 11.5 Iyini inhloso yombhali yokwethula indikimba yesimilo esixegayo? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMoloi noSithole. (3)
- 11.6 Qhathanisa indlela umlingiswa onguMaNdovela noDumazile ababuka ngayo izinto mayelana nezinkolelo zokusetshenziswa kwemithi. (3)
- 11.7 Ngabe amazwi kaKheswa abhalwe ngokugqamile anabudlelwane buni nesimo senhlalo? (2)
- 11.8 Ucabanga ukuthi wawungaba njani umphumela wothando empilweni kaDumazile ukube akazange azange athandane noSithole? (2)
- 11.9 Uyavumelana yini nokuthi izenzo zomlingiswa onguMaShandu zimveza njengomlingiswa oyindilinga? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.10 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula isiphetho sale noveli. (3)

[25]

UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE**IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo senoveli ethi: *Impi Yabomdabu Isethunjini*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo sendaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwendaba.
- Ukuveza uvo lwakho ngesakhiwo sendaba.

(Impendulo mayihlelwe njenge-esezi hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]**UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA D

'Kahle Thatha, mina bengi ...'

'Kahle Thatha bani. Angiyena mina uThatha, nginguThathezakhe.'

'Ngiyaxolisa wethu. Bengiqonde ukuthi Thathezakhe.'

'Kungenzeka futhi ukuthi kwabona omakhelwane bakho babe phezulu kakhulu, ngakho sonke isigodi kube yisigodi sabantu abaqandayo. Uma kunjalo, kungakuhle uphume ndoda ufune omakhelwane kubantu abaphansi, yize besekudeni ngokwakhelana. **Uma ungakwenzi lokho Mbomvu, lobu bukhulu bakho buzozichofa izingane zakho.**' 5

'Yini indaba kungathi umhlahlo usudla mina, kanti mina ngibona owakwami njengomuntu obhekisa izinto eceleni. Kungabe ngempela le mbedumehlwana emzini wami idalwa yimi?' 10

'Ushaye khona impela Mnumzane Ngubane. Uma wenza nje, usushaya emhlohleni. Yiqiniso kuphela eliyosikhulula kuzinkimbinkimbi zezinkiyankiya. Ngiyathanda ukuba ngibuyele futhi kulesiya sicaphuno sikaPhawula. UPhawula uthi 'Uthando aluzikhukhumezi, aluzigabisi.' Kungabe unjani ngalapho Mbomvu? Kunjani kuwe ukuzikhukhumeza? Kungabe sekwehla?' 15

'Wo Dinangwe, ngiyethemba ufuna iqiniso. Uma kunjalo, kungathi thina nowakwami sibuthaka ngakuleyo ndawo.'

'Musa ukufaka owakwako njengamanje ngoba ngiselapha wena kuphela. Ngizothi ngidlulela kuye, ngizobe sengikwelaphile wena. Indaba yakho yokuzikhukhumeza ngingeke ngavuma ukuthi yafika kwaNgubane nowakwako. Mina ngikwazi kahle wena, thina safika eManzimtoti *Training College* wena uyiqoqo. Wawusibiza ngemisila, izinto ezithanda umdaka, uthi yithi laba esasiletha izimbungulu emadomi.' Wagwajaza uNgubane ekhumbula kahle ukuthi ngesabo isikhathi abasha bebenyukwa ngempela. 25

'Uthi nje usabakhumbula abangani bakho bethi kithi zizofeyila zonke lezi zinto ezithi zizokwenza ufomu 4, besithusa sifika. Wena wawuliprefekthi elaliziqhenya, lingakhulumisi muntu. Mina ngangithi wena ungowaseGoli, noma koLamontville noChesterville noma ungowaseMphithi. Ngamangala ngizwa ukuthi kanti ungowaseMpaphala, siwumoyamunye. Noma sisoNgoye, wawusazithwele Mbomvu, ikakhulu ngenkathi uthandana naloluya swazi lwentombi yaseGoli. Ngiyakhumbula ngelinye ilanga sidla inyama laphaya ngasechibini lokubhukuda. Wena nentombi yakho yaseGoli nenqaba ukwehla niye ezansi lapho kwakosiwa khona inyama. Wena wabiza omunye wangakini wathi makakulethele inyama khona laphaya phezulu. Wenqaba omunye wangakithi. Wenqaba ukwehla ukuyocosha inyama Ngubane, ngoba uthi nina anidli nabantu abanjengathi abangenamakhozi nabangameji. Wena nentombi yakho nanimeja phela. Ngiyazi ukuthi lowo ngumlando osewadolula. Lowo mlando zimpande zokwenza kwethu Ngubane. Uma ufuna ukulungisa umndeni wakho, kuzodingeka ukuba wehle mfowethu, wehle kule nkabi yokuzithwala oyigibele.'

- 13.1 Yimuphi umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshane? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguNgubane. (2)
- 13.2 Umbhali ubasebenzise kanjani abalingiswa kulesi siqeshana ukuveza imizwa yabo? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 13.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU udweshu lwangaphakathi ngenkathi uNgubane esebuyele kwakhe eMlazi. (3)
- 13.4 Nikeza okufanayo mayelana nezenzo zomlingiswa onguThathezakhe Mdlalose kanye nomethiloni Mkhize. Nikeza izizathu zempendulo yakho. (3)
- 13.5 Iyini inhloso yombhali yokwethula indikimba yobuntu? Xoxa ubhekise kumlingiswa onguNgubane noPoppie. (3)
- 13.6 Qhathanisa indlela umlingiswa onguBen Martin noNgubane ababuka ngayo izinto mayelana nempilo ephilwa ngabantu basemalokishini abantulayo. (3)
- 13.7 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile ashiwo uDokotela Mdlalose anabudlelwane buni nesimo senhlalo yakwaNgubane? (2)
- 13.8 Ucabanga ukuthi wawungaba njani umphumela wothando empilweni kaMelody ukuba akazange aqhubeke nokufunda? (2)
- 13.9 Uyavumelana yini nokuthi izenzo zomlingiswa onguCele zimveza njengomlingiswa owuthandayo umndeni wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.10 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula isiphetho sale noveli. (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**NOMA**

UBUCIKO BOMLOMO: UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba

Phendula umbuzo OWODWA.

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

Ubuciko bomlomo bungafundisa ngomlando wokudabuka kwezinto ezithinta impilo yomphakathi nezici zezilwane ezithile. Xoxa ubhekise enganekwaneni ethi, 'Inkosi Yezinyoni' nezibongo 'zikaGcina Mhlophe' kanye nehubo, 'Noma kunzima':

ISIQESHANA E**IZIBONGO: 'IZIBONGO ZIKAGCINA MHLOPHE'**

- | | |
|----|-------------------------------------------|
| 1 | Isihlahla somdlebe esimayikayika, |
| 2 | Esiyikazela ngenhlobonhlobo zezithelo, |
| 3 | Ngoba siyikazele ngobuhle be-Afrika. |
| 4 | Usihlahla esigabe ngezithelo zaso, |
| 5 | Umkhiwane omuhle ongenazimpethu |
| 6 | Eminyoni yoniwa zibungu. |
| 7 | Abadla kuso abadeli, |
| 8 | Nezithelo zaso azipheli. |
| 9 | Usihlahla abaphumula kuso |
| 10 | Bamila izimpande. |
| 11 | Isihlahla esikhulise |
| 12 | Safukamela nezinyoni zase-Afrika, |
| 13 | Saye safukamela nezinyoni |
| 14 | Zamajalimane namantaliyane, |
| 15 | Abadala nabancane bethi sixolele. |
| 16 | Isihlahla abasibone eLandane basichelela, |
| 17 | NaseNyuvesi yaseThekwini basivukuzela |
| 18 | Isihlahla esimpande zaso zisabalele |
| 19 | Zinabele kwejulile |
| 20 | imithombo |
| 21 | Amaqabunga aso |
| 22 | Akhephuzela uthando, |
| 23 | Sithe singesakwaMhlophe |
| 24 | Samane sabamhlophe, |
| 25 | Siphethe okumhlophe! |

Noma Kunzima

Igosa: Noma kunzima,

Abasebenzi: Siyaya noma kunzima siyaya.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umlando nokudabuka kwezinto ezithinta impilo nezici zezilwane ezithile kubhekiswe enganekwaneni, ezibongweni kanye nasehubeni.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngokwezinganekwane, izibongo kanye nehubo.
- Ukuveza uvo lwakho ngobuciko bomlomo ngabunye.
(Impendulo mayihlelwe njenge-esezi hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]

UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE**IZINGANEKWANE: 'AMAHLAYA ALALA INSILA'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA F

Umxoxi: Kwesukasukela ...

Abalaleli: Cosu!

Kudala ngezikhathi zeNkosi uShaka, kuthiwa kwakukhona indoda yakwaNzimande eyayihlekisa nangento engafanele. Igama layo kwakunguVelaphansi. UVelaphansi wayehola abantu bakwaNzimande ngalezo zikhathi zikaShaka. Abantu bakwaNzimande badume ngezithakazelo zoGwala kanye noMphephethe. AMaphephethe ayengasebenzi. Ayenekhono lokukhetha usawoti esihlabathini. Isithakazelo sikaMphephethe savela ngoba babephephetha isihlabathi solwandle kusawoti. Uma-ke usawoti sebewunekile waze woma, babewuthatha bawusonge ngezikhumba bawuyise eNdlunkulu. ISilo uShaka wayebathanda abantu bakwaNzimande ngenxa yokuthi wayekhonzze uVelaphansi. Phela uVelaphansi wayehola aMaphephethe futhi edume ngokuba noteku. UShaka wayezifela ngomuntu otekulayo. ISilo sagcina sikwenze kwaba wumthetho ukuthi uVelaphansi abe ngusomahlanya waseNdlunkulu. UVelaphansi wayesholo isilo amahlanya njalo uma siphumulile noma kukhona izivakashi. Sesiyoheleka-ke iSilo kujabule wonke umuntu. Akekho ongeke ajabule uma ebona okaNdaba emoyizela. Langa limbe uVelaphansi wacabanga ukuthi uzosihlekisa ngani iSilo uma esebizwa ukuzokwenza amahlanya. Wacabanga wacabanga, do ukufika ihlaya elisha. Akufuneki phela ukuthi asho ihlaya elidala futhi elaziwayo eNdlunkulu. Kubi kakhulu uma lelo hlaya selake lashiwo nguyena. Akufuneki ukuthi adlale ngezindlebe zeSilo. Wafika umcabango ngokushesha. Wahlala yedwa umfo kaMphephethe. Wayesephumile osizini ngoba ihlaya elisha seliqhamukile. Wadumela amaqqa amabili azifele wawasonga ngesikhumba esikhulu sengwe. Safika ngaleso sikhathi isithunywa esivela eNkosini uShaka. INkosi yayifuna ukuthi uVelaphansi enze adume ngakho. 'Hlanga Lezwe! Ngiphathele iNkosi yami engiyithandayo futhi engiziqhenya ngayo isipho esihle kabi,' washo uVelaphansi evula isikhumba sengwe kuthaphuka umsanka odabula ukhakhayi. Phela amaqqa ayesedlulele ngokubola. Lavimbanisa iququ endlini kwavakasha izimpethu ngokushesha. ISilo sahleka inhlinini ngesenzo sikaVelaphansi. Izinduna zesaba ukwenanela ngokuhleka ngoba zabona ukuthi uMphephethe unamagangozi. Kwahlukwana esephelele amahlanya.

- 15.1 Chaza isethulo sale nganekwane ethi, 'Amahlanya alala insila'. (2)
- 15.2 Shono imbangela yodweshu lukaVelaphansi olutholakala kulesi siqeshana. (2)
- 15.3 Chaza kafushane ukuthi ihlaya likaVelaphansi lixhumana kanjani nesisho esithi: ukungena nenja esontweni. (3)

- 15.4 Qhathanisa le nganekwane ethi, 'Amahlaya Alala Insila' kanye nehubo elilandelayo:

Nkonyane kaNdaba

Induna: We Nkonyane kaNdaba!

Ibutho: Kwanyakaz' umkhonto, we Nkonyane kaNdaba

Induna: We Nkonyane kaNdaba!

Ibutho: Kwanyakaz' umkhonto, we Nkonyane kaNdaba.

(3)

- 15.5 Ngabe isaga esithi, 'Intuthwane iyayithwala indlovu' sihambisana kanjani nomyalezo wale nganekwane? Sekela impendulo yakho.

(3)

- 15.6 Uyazwelana nomlingiswa onguVelaphansi? Yikuphi ongakwenza uma ungase ubhekane nalesi simo?

(2)

KANYE

Fundisisa lobu buciko bomlomo obulandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi:

ISIQESHANA G: (Sihlanganisa izibongo, ihubo, nezithakazelo)

IZIBONGO: 'IZIBONGO ZENKOSI U-DKT. SIBONGILE ZUNGU'

- | | |
|----|-----------------------------------------------|
| 1 | Umfazi omabelemade, |
| 2 | Umbele ugwansile; |
| 3 | Nonganeno komful' uyancela, |
| 4 | Nongapheshey' komful' uyanela. |
| 5 | Ungalifun' ukhala nal' emlonyeni, |
| 6 | Omuny' ulidukluza ngezibhakela, |
| 7 | Omuny' aliklwebhe ngezinzapho |
| 8 | Eth' ujezis' unina |
| 9 | Kant' uzilambisa yena. |
| 10 | Inkunzi kayihlehli |
| 11 | Engafani nopikiliyeza, |
| 12 | Ngob'oncinde kuy' akafi, |
| 13 | Isigqobhela esigcine ugwayi wesizwe, |
| 14 | <u>Abantongela kuso babheme bakholwe,</u> |
| 15 | Ngiyafis' ukwazi ngentelezi abakuchela ngayo, |
| 16 | Nezibib' abakubhemisa zona. |

- 15.7 Yisiphi isaga esihambelana negama elibhalwe ngokugqamile kulezi zibongo zikaDkt. Sibongile Zungu? (2)
- 15.8 Ngabe umugqa odwetshelwe ulekelela kanjani ukuqonda umyalezo walezi zibongo? (2)
- 15.9 Bhala ukuxhumana okusekuqaleni okulandelanayo kulezi zithakazelo zakwaZwane bese usho ukuthi iyini inhloso ekusebenziseni lokhu kuxhumana kulezi zithakazelo. (3)
- 15.10 Humusha indikimba yehubo, 'Isisu Esihle'. (3)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 16: UMBUZO OMUDE**KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo othi: *Kudela Owaziyo*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda somdlalo.
 - Ukuphendula umbuzo ngokuphawula nangokwesekela ngokwencwadi.
 - Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda.
- (Impendulo mayihlelwe njenge-esityi hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]**UMBUZO 17: UMBUZO OMFUSHANE****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA H

(Ewadini yimbe esibhedlela somphakathi kwaDukuza, uMbhebhezeli uhlezi esihlalweni uxoxa noChivenga yena olele lubule embhedeni) (Ewadini yimbe esibhedlela somphakathi kwaDukuza, uMbhebhezeli uhlezi esihlalweni uxoxa noChivenga yena olele lubule embhedeni)

| | | |
|--------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------|
| CHIVENGA: | <i>(Uyagquma, uyahlina, ubambe isandla usezinhlungwini)</i> | 5 |
| MBHEBHEZELI: | <i>(Ngomoya ophansi)</i> Ungethuki mfowethu ukuvakashelwa yilo muntu oyimina ongasondelene neze naye futhi ongamejwayele. NginguMbhebhezeli Mdluli mina nginomuzi elokishini lase <i>Dark City</i> eMandeni. | |
| CHIVENGA: | <i>(Usesimweni esidabukisayo)</i> Yebo-ke ngiyathokoza ukwazana nawe Mdluli. | 10 |
| MBHEBHEZELI: | Ngithi angizozwa ngesimo sempilo ndoda yamadoda kwazise phela bese ngiwutholile umbiko ngawe komunye woSomatekisi waseMandeni onetekisi elithuthela eThekwini. | |
| CHIVENGA: | <i>(Uyahlina, usezinhlungwini, usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)</i> <i>Eish!</i> Kunjengoba ubona nje ntanga yamashinga, akukabi bikho bungcono. Khona ngike ngawuthola umjovo wokudambisa iminjunu kanye namaphilisi okuthoba izinhlungu kodwa umehluko kube ngokwesikhashana nje. Eqinisweni lilonke ekwemukelweni kwami lapha esibhedlela bekungathi isitapamunwana esingiphethe ngaze ngazinika ithemba lokuthi kuzosheshe kushabalale. Okubi kakhulu manje ukuthi isandla siya ngokudlebeleka nokubola esikhundleni sokukhombisa ubungcono. | 15 20 |
| MBHEBHEZELI: | <i>(Udangele)</i> Wewu! Ngikhalisana kanye nawe mfanakithi kulobu buhlungu okubo. | 25 |

| | | |
|--------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------|
| CHIVENGA: | <i>(Usezinhlungwini usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)</i> Ngikhuluma indaba yokuthi imisebenzi yami yonke imile nse ngaphandle njengoba ngihlikahlikwa yizinhlungu nje mina lapha esibhedlela. Futhi-ke ngizibona ngikwenkulu inkinga lena uma ngabe le nto ingapheli, kwazise phela muphi namuphi umsebenzi awukwazi ukuqhubeka ngokuyimpumelelo ngaphandle kokwedlula ezandleni. | 30 |
| MBHEBHEZELI: | Yiqiniso elingenakuphikwa lelo mfowethu. | |
| CHIVENGA: | <i>(Usahlinile usalokhu ebambe isandla usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)</i> Angazi noma kufanele kengiyohlola yini kwababonayo nabanamanga ukuthi ingempela layo le nto isho ukuthini kanye nokuthi ngiyithole kanjani. Mhlawumbe kusengenzeka nje ukuthi ngiyithole ngokubekelwa umuntu mumbhe esengike ngaxhawulana naye uma kungeyisona isitshopo. | 35 |
| MBHEBHEZELI: | Khona ngempela sikhathazeke sonke thina malungu omphakathi ngokubambeka kwakho Chivenga mfowethu njengalokhu usezinhlungwini nje kwazise ubambe elikhulu iqhaza leli wena ekuyidwebeni uyibeke ezingeni elingcono nelithe thuthu indawo yangakithi ebalazweni ngenxa yekhono lakho elibabazekayo nelincomekayo, ngakho-ke asisoze sakulahla thina mphakathi kodwa kunalokho siyobe silokhu siwa sivuka kanye nawe ebuhleni nasezimpicothini eziyisitha somuntu olungile njengawe nje nozaziyo ukuthi uzimisele ngani empilweni. | 40 45 |
| CHIVENGA: | <i>(Usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)</i> Waze wangiqinisa idolu Mdluli ngala mazwi akho. | |
| MBHEBHEZELI: | Uyazi ukuthini? Angikafuni ukugonyuluka amaqiniso okwamanje maqondana nembangela yokuxineka kwakho kanye nokuthi ungelapheka kanjani, ngenxa yokuthi ngiyobe ngikucindezela nezinhlungu kakhulu ngokwenze njalo kanye nokugqilazeka ngenxa yemicabango, kodwa lilonke nje yizinto zabantu lezi. | 50 |

- 17.1 Ivezani ithoni etholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.2 Chaza isizinda sendawo esitholakala kulesi siqeshana. (2)
- 17.3 Beka ngokufingqiwe izezo zikaMbhebezeli ezibonisa ukuthi ungumlingiswa ongathembekile. Bhekisa impendulo yakho kulo mdlalo. (3)
- 17.4 Chaza kafushane izigameko ezazifihlelwe umlingiswa onguHlengiwe ezaholela ekushadiseni kwakhe noChivenga. (3)
- 17.5 Ucabanga ukuthi lwalungaba njani udweshu phakathi kukaMdaluli noChivenga ukube uMdaluli akaboshwanga? (3)
- 17.6 Iyini inhloso yombhali yokuthi uMdaluli ajeqeze emuva ngesikhathi uManqina eqeda ukuchazela uMaMlanduli ngesimo sabo somsebenzi? (2)
- 17.7 Chaza inhloso yokuba khona komlingiswa onguManqina kulo mdlalo. (3)
- 17.8 Chaza ukuthi lesi siqeshana esingenhla siyigqamisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (2)
- 17.9 Uyavumelana nombono wokuthi uMdaluli ungumlingiswa ozicabangela yena kuphela? Phawula ngokwenzeka kupholavuthondaba. (2)
- 17.10 Uyazwelana nomlingiswa onguMdaluli mayelana nokwenzeka kuye lapho eboshwa khona okokuqala? Sekela impendulo yakho ubuye usho ukuthi wena wawungenzenjani uma wawungabhekana nalesi simo? (3)

[25]

UMBUZO 18: UMBUZO OMUDE**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo othi: *Awuwelwa Umngeni*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngophawula ngokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda. (Impendulo mayihlelwe njenge-esityi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]**UMBUZO 19: UMBUZO OMFUSHANE****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA I

(KuseTsheni ngakusasa kade kudingidwa ekaMphiliphili ngayizolo. Kusendlini kaMaLuzindela. USalimani uhlezi esihlalweni sakhe esililini sakhe. Njengemihla uchophe uyaconsa. Ngezansana kwakhe kumi umancishana owembozwe ngembenge. Eceleni kwawo kwenye imbenge kubekwe isikhetho. Esalukile ngengqondo kungene uNomezho.)

5

NOMEHLO: Dwala libushелеlezi ngokushелеla amadoda asekhaya. Ngwazi! *(Akhuleke qede angene bese ephinda ekhuleka.) Hlobolophatha! (Akhothame.)*

SALIMANI: *(Emamatheka ngothotho lwamazinyo akhe amhlophe.)* Sekwenzenjani mfo kaMgingqika, wangena usugingqika nje?

10

NOMEHLO: Wena kaMshwilansimbi. Akukonakali lutho. Ngiphangisa nje ngizobika eNkosini ukuthi naba abafowabo beNkosi esangweni. OwakwaNtuthu, owasoDibini, owaseKupholeni, owaseKuphumuleni nowaseNhlambamasoka.

SALIMANI: Ubamiseleni esangweni? Anginitshelanga yini ukuthi abafowethu abangalindiswa esangweni. Akothi uma befika bangeniswe? Batshela bangene!

15

NOMEHLO: Yibona abangithume ukuba ngibabike kuqala. Ngwazi! *(Akhothame aphume.)*

MBONGOLO: *(Baphakamisa izandla ngambili kanyekanye.)*

20

MCANJANA }
SIKHOVA } Ngwazi! Hlobolophatha! Mathangakahlangani!
GUNDANE } Ahlangana ngoba esebona umyeni.
NODWENGU: }

SALIMANI: *(Kuhlehla izihlathi.)* Ngenani nina bakaMashilansimbi ingemlenze. Ngenani bafowethu.

| | | |
|------------|---------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----|
| ABAFOWABO: | <i>(Bangene qede uSikhova ehlise izikhumba emgibeni bahlale phansi.)</i> | 25 |
| SALIMANI: | Mfowethu, Gundane thatha nangu umancishana uphuzise abafowethu. | |
| GUNDANE: | <i>(Aphakame qede akhuleke bese ewelela esililini somfowabo. Uzubukula imbenge, uthatha isikhetho qede uyabugovuza utshwala. Uthatha ubuthi qede unikeza uSalimani.)</i> | 30 |
| SALIMANI: | <i>(Uthatha amathamo amabili qede alubuyisele kuGundane ukhamba.)</i> | |
| GUNDANE: | <i>(Uthatha ukhamba uphuzisa abafowabo qede abese elubuyisela ngaphesheya kuSalimani.)</i> | 35 |
| NOMEHLO: | Singqunga! Singqwatha! <i>(Engena eyohlala enhla nomsele.)</i> | |
| SALIMANI: | Beka khona lapho kumfowethu wakwaNtuthu. | |
| GUNDANE: | <i>(Abuyele emuva nalo ukhamba alubeke phambi kukaNodwengu.)</i> | |
| SALIMANI: | Umfowethu wakwaVimbingwenya noMphiliphili abakabonakali? | |
| NOMEHLO: | Bebengakabonakali wena kaMashwilansimbi. | 40 |
| SALIMANI: | Bafowethu nawe nduna yami, mfo kaMgingqika, usuku lwakusasa usuku olukhulu kakhulu emlandweni walesi sizwe sikaBaba. Nizibonele nani kuthangi ukuthi lumi kanjani ugibe olucushwe nguSomtsewu nezijwana zakhe. <i>(Ubuso bungcole.)</i> | |
| NODWENGU: | Wakubeka kwasobala bha ukuthi lukhulu baluqondile. | 45 |
| SALIMANI: | Ngenxa yokuba bucayi kwalolu daba kubaluleke kakhulu ukuba amalungiselelo osuku lwakusasa enziwe ngokucophelela okukhulu kakhulu. Njengoba ngishilo izolo kule mbizokazi kungagqabuka igoda phakathi kobuhlobo bami nohulumeni. | |
| ABAFOWABO: | Kunjalo Ngwazi. | 50 |
| SALIMANI: | Ngingathanda ukuba nanxa kungeyona inqubo yethu sibayeke abelungu laba uma umhlangano lona befuna siwuqhube ngendlela yabo yakubo. Kodwa ngokwami yimbizo lena. Sikhova, mdidiyeli wamabutho ami, amabutho akho kumele aphelele ngothi lwawo-ke njengoba sengisikhiphile isimemezelo. Ngumthwalo osemahlombe akho-ke lowo ukuba uwahlele ngononina avive njengokobudala bawo. Ezinsizweni kuqale uPhelitshe kuye eZinyathini. Ezintombini babe khona uMbakabaka neMbabhe. | 55 |
| SIKHOVA: | Ngwazi! | |
| SALIMANI: | Kuyodingeka onke amabutho ahlobe ngezembatho zezigaba zawo nangokwelamana kwawo. | 60 |
| SIKHOVA: | Ngwazi! | |
| SALIMANI: | Kubaluleke kakhulu ukuba sonke isizwe sikaBaba sipehelele sonke ngothi lwaso. Kubaluleke ukwedlula ukwenza ukuba amabutho azibonele, azizwele ngokwawo. Angezwa ngokutshelwa. | 65 |

- 19.1 Ivezani ithoni etholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.2 Chaza isizinda sendawo esitholakala kulesi siqeshana. (2)
- 19.3 Beka ngokufingqiwe izezenzo zikaMphiliphili ezibonisa ukuthi ungumlingiswa ongathembekile enkosini uSalimani. (3)

- 19.4 Chaza kafushane izigameko ezazifihlelwe umlingiswa onguZithulele mayelana nesinqumo sokuwelwa koMngeni. (3)
- 19.5 Ucabanga ukuthi lwalungaba njani udweshu phakathi kukaSalimani noZithulele ukube umlingiswa onguSalimane akazange alidlulisele enkantolo yaseMgungundlovu icala? Sekela impendulo yakho. (3)
- 19.6 Iyini inhloso yombhali yokuthi uSalimani ajeqeze emuva ngemuva kokuthi uZithulele embizele ehhovisi lakhe eMshwathi? (2)
- 19.7 Chaza inhloso yokuba khona konongqayi kulo mdlalo. (3)
- 19.8 Chaza ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (2)
- 19.9 Uyavumelana nombono wokuthi lo mdlalo uyisenamisi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.10 Uyazwelana nomlingiswa onguZithulele mayelana nokwenzeka kuye kuvuthondaba? Sekela impendulo yakho ubuye usho ukuthi wena wawungenzenjani uma wawungabhekana nalesi simo. (3)
- [25]**

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Xoxa ngempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo othi: *Ubhuku Lwamanqe*.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama–340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuchaza isizinda somdlalo.
- Ukuphendula umbuzo ngophawula ngokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nempumelelo yombhali ekwethuleni isizinda. (Impendulo mayihlelwe njenge-esityi, hhayi ngokwamaphuzu.)

[25]**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA J

(Kusemzini wakwaMathonsi. Usokhaya uziphumulele nje elawunji ulokhu ebuka iwashi lapha esihlakaleni. Phela ulindele uThamsanqa njengesivumelwano sabo. Ezwe ukungqongqoza emnyango. Aphuthume ayovula.)

| | | |
|------------|--------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------|
| MATHONSI: | <i>(Ngokwethuka) Mamo, nansi imihlola we bantu. Nguwe lona futhi mfana uzochwensa nanamuhla? (Usawubambile umnyango kepha uNkululeko usemi ngaphandle.)</i> | 5 |
| NKULULEKO: | <i>Cha kangizile ukuzochwensa baba. Bengicela nje ungivulele ngoba kukhulu engiza nakho. (Enxenxa uMathonsi ukuthi amvulele emnyango.)</i> | |
| MATHONSI: | <i>(Intukuthelo ibuye ngamandla. Abone kahle ukuthi uma lo mfana ake wabheda njengakuqala uyomudla luhlaza. Abuye akhumbule ukuthi kufanele le nkomazi ayisenge iludedele lonke ubisi. Kungcono ngoba noThamsanqa usendleleni manje adede emnyango ukuze uNkululeko angene.)</i> Ngena! Ushaye ngezinqamulelayo ungangichitheli isikhathi. | 10 15 |
| NKULULEKO: | <i>(Esehlezi phansi kusofa.)</i> Ngiyabonga baba. Ukugcina kwami kulo muzi ngathembisa ukuthi ngiyabuya. Sengibuyile-ke njengesithembiso engasenza. Namuhla ngiphethe ubufakazi balokho engashiya ngikubekile phambili. <i>(Athule abuke uMathonsi olokhu emgqolozele ngamehlo asebovu tebhu.)</i> | 20 |
| MATHONSI: | Mameshane yimihlola yini lena? Ulokhu usayibhedlile le ndaba yakho mfanandini? Namuhla uthi uphethe ubufakazi? Yibuphi-ke ubufakazi lobo, khuluma usheshe ngingaze ngikwenze isilo sengubo khona manje? | |

| | | |
|------------|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|----------|
| NKULULEKO: | <i>(Akiphe ipheshana esikhwameni sebhantshi.)</i> Nabu-ke ubufakazi engikhuluma ngabo baba uMathonsi. | 25 |
| MATHONSI: | <i>(Ememeza)</i> We MaMhlongo sondela ngapha mkami isingene futhi. Namuhla kayihlomile kukhala ihlanga. | |
| MAMHLONGO: | <i>(Engena elawunji ethola uNkululeko ehlezi kusofa. Ambuke ngeso elimnjonjo noNkululeko abone ukuthi lihlohlomile.)</i> Kwenzenjani namuhla baba? | 30 |
| MATHONSI: | <i>(Emnikeza ipheshana.)</i> Funda lapha mntanami. | |
| MAMHLONGO: | <i>(Ebukisisa leli pheshana aliphethe.)</i> Yini yona lena? Hawu webantu ngibonani ngamehlo ami? Yincwadi yomshado lena baba. | |
| MATHONSI: | <i>(Emangele.)</i> Ngakuzwa ubabaza? Ngikubizele ukuthi uzofunda le ncwadi hhayi lokhu osukukhuluma wena. | 35 |
| MAMHLONGO: | Hhawu! Kodwa ngasho baba ukuthi lo nkosikazi wakwaMaKhunga uchakijane. Kukhulu asigodlele khona. <i>(Enikina ikhanda eyohlala eduze komyeni wakhe.)</i> Baba yincwadi yomshado lena. Ngempela unelungelo lo mfana ukuzofuna umkakhe ngoba nabu ubufakazi obuqanda ikhanda. | 40 |
| MAMTHONSI: | MaMhlongo noma ngingayile esikolweni futhi ngiphuma ezindaweni ezisemakhaya kodwa ukhumbule ukuthi kuseGoli lapha, bakhona ochakijana abalala bengalele befuna indlela yokuziphilisa ngegazi labanye abantu. Wazi ngani ukuthi lo mfana ulithengile leli phepha lomshado? Wazi ngani ukuthi kukhona imfihlo ayaziyo ngenkosikazi kaThamsanqa afuna ukusebenzisa ithuba elinje ngaleli ukuthola imali? Ungakhohlwa ukuthi umakoti usebenza ebhange esidlekeni semali efunwa ngumuntu wonke, ubhedu lubangwayo phela. <i>(Alithathe alibukisise naye ingathi kukhona amehlo akucoshayo kanti lutho ubona izimvemvane nje.)</i> | 45 50 |

- 21.1 Ivezani ithoni etholakala kulesi siqeshana? Sekela ubhekise kumlingiswa onguMathonsi. (2)
- 21.2 Chaza isizinda sendawo esitholakala kulesi siqeshana. (2)
- 21.3 Beka ngokufingqiwe izezenzo zikaNkululeko ezibonisa ukuthi ungumlingiswa ongathembekile kuPhindisiwe. (3)
- 21.4 Chaza kafushane izigameko ezazifihlelwe umlingiswa onguThamsanqa ezaholela ekuhambeni kukaPhindisiwe emzini wakhe. (3)
- 21.5 Ucabanga ukuthi lwalungaba njani udweshu phakathi kukaThamsanqa noMaKhangela ukube uThamsanqa akazange anqume ukuhamba? Sekela impendulo yakho. (3)
- 21.6 Iyini inhloso yombhali yokuveza inkulumo kaNkululeko yokujeqeza emuva ngenkathi ephuma ekamelweni lakwaMakhunga ekhuluma noPhindisiwe? (2)
- 21.7 Chaza inhloso yokuba khona komlingiswa ongumuntu wokuqala kulo mdlalo ngenkathi kugqezwa ebhange. (3)

- 21.8 Chaza ukuthi lesi siqeshana siyigqamisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (2)
- 21.9 Uyavumelana nombono wokuthi umlingiswa onguPhindisiwe uvezwe njengomlingiswa okwaziyo ukuzisola? Phawula ngokwenzeka kupholavuthondaba. (2)
- 21.10 Uyazwelana nomlingiswa onguPhindisiwe mayelana nokwenzeka kuye kuvuthondaba? Sekela impendulo yakho uveze ukuthi wena ungenzenjani uma ungabhekana nalesi simo. (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80